# USARS uzofaka isicelo semvume yokudlulisa icala ngesinqumo sange-16 kuLwezi 2021

**30 Lwezi, 2021 –** UKhomishana woPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika, uMnu Edward Kieswetter, emva kokubhekisisa kahle iseluleko somthetho, kanjalo neziphakamiso ezivela emakomidini okubusa akwaSARS, uvumile ukuba uSARS ufake isicelo semvume yokudlulisa icala ngesinqumo sange-16 kuLwezi 2021 odabeni oluthinta i-Arena Holdings.

USARS udlulisa icala esinqumweni esaphuma futhi uphikisa isiqinisekiso esikhishwe yiNkantolo yesiShayamthetho ngokungabi semthethweni koMthetho oKhuthaza ukuTholakala koLwazi kanye noMthetho wokuPhathwa kweNtela.

Isinqumo njengoba sinjena kumanje, uma singaphonselwa inselelo, kuzobe kudelela umgomo omkhulu wobumfihlo bolwazi lomkhokhintela, nokuyisisekelo uSARS nezinye iziphathimandla zemali eqoqwayo ezisekelwe phezu kwawo.

“Umphakathi kumele uqiniseke ukuthi uSARS uzowumela umgomo wobumfihlo egameni lawo wonke umkhokhintela. Wonke umkhokhintela uyalingana ngaphambi komthetho, futhi sizosebenzisa imithetho efanele kwaSARS ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula,” kusho uKhomishana Kieswetter.

Lolu daba seluphambi kwezinkantolo, uSARS angeke usaqhubeka nokuphawula ngalo.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane nabakwaSARS ku-SARSMedia@sars.gov.za